

1

[2b]

Ukungena kokholo kwelakaZulu

Kuthena uku6a a6amhlophe 6ande kwelaseNatal 6avula izikole. Pho-ke a6anye a6antu a6alu6onanga usizo lokholo njengo6a nanamhlanjena a6anye akali6oni. Lenda6a ixoxwa intombazane yakwaNxumalo yakwaZulu onamhlanjena ngoku6aleka seyaze ya6a kuleli lasemaHumusheni. Uyise wayesefile. Manjena usefuna ukukholwa untombana wayengeyedwa uNtombane waye namanye amantombazane. Unina wamuvumela uNtombane. 6ase6ekholwa manjena kwaduma kakhulu ukuthi izingane sezikholiwe. Kwathiku thela amadoda na6anumuzane ngalenda6a. A6anjwa wonke a6azane amantombazane. Amanye a6aleka awaziwa lapho ashona khona. Kwathi lawo a6anjwiwe kwathiwa awalahle phansi izingu6o amanye avuma ngokushesha azilahla ngokwesaba oyise 6awo. Anye njalo awavuma ukukhumula. Naye-ke uNtombana Nxumalo akavumanga. Wase uyamu6iza umfowa6o omkhulu. Wayengazi uNtombana ukuthi umu6izelani umfowa6o. Manjena usemu6ambayi ngen6ambo use6oshelwa phezulu entuthwini uNtombana. Use6athena uyakhala useshe avume ukuthi useyakhumula. A6anye njalo a6a6engavumi ukukhumula 6a6ulawe ngo6a 6azobhungula ezinye izingane. 6a6ehlekwa futhi ezinye izingane. Notisha 6a6efunwa uku6ulawa ngo6a yi6ona a6adonsa izingane nomfundisi 6efuna ukumu6ulala ngo6a naye ungonjalo. Manjena uNtombana wahlala izinsukwana wa6aleka weza esilungwini engaziwa muntu eseya esikolweni saseSheshe (Church of England). Usefunda lapho se6emuzwa a6afowa6o ukuthi uselapho. Se6emulanda. Wayengeyedwa 6elu enamanye amantombazane akwezinye ezigodi khona kwaZulu. Kwathi uku6a a6uye umfowa6o oye ayindlalifa wasethi ku6afowa6o kuhle ayoganiswa kwaLanga kumunurzane uBhokode6ovu. Manjena uNtombana wayesengathi 6ayamvumela uku6a a6eyihlulwa. Manjena oyena mfowa6o wakwa6o endlini a6amu6shona lenda6a kaN6ombana. Manjena kwathi musukwana 6ehambile a6afowa6o 6akwa6o endli kumusukwana ezothwala ayoganiswa. Manjena uNtombana wayekade ecelwe umfowa6e oyena nkosana ka yise uku6a ayomanzela utshwala 6ona 6elu 6okumuthutha uNtombana

4

6aqondana no6a6a yeni la6otshwala. Manjena kwathi musukwana ezolwala uNtombana umfowa6o na6anye a6afowa6o. Yase imutshena enye inkosikazi yomfowa6o ukuthi uzothwalwa ayoganiswa ka kwaLanga. Lenkosikazi yamfowa6o yayimuhawukhela ngo6a amuncane impela pho-ke esiwa esadodeni endala. Lendoda uLanga wayenenkosikazi eyodwa. Manjena phela umuntu uma eyoganiswa uvalelwa nendoda endala kuze kuse. Imu6amba umnt^uana egazi lutho yena ngalenda6a. Pho-ke yamyala ukuthi agasho lutho lenkosikazi ukuthi umutshenile loku. Manjena wathula naye uNtombana. Zaziziningi ezinye izintombana ezingaka ngaye. Manjena nomfowa6o wa6a ~~ma~~ nomusa impela kuye uNtombana ngaleyomini.

- 5 Kuthena uma~~se~~ lishonile wasenikwa utshwala nezinye izintombi uku6a 6aphuze. Wayesekwazi loku uNtombana ukuthi uzothuthwa. Manjena wasezidakiswa impela kakhulu uNtombane lona. Kuthena uma ese6ona a6afowa6o ukuthi se6ephelele 6onke. Waphuma sengathi uyocama wo6uyayo njena. Use6aleka kakhulu impela eqonda kwa6o. Kwa6oN6ombana kwakungenhla komuzi womfowa6o kude6uduze. Usegijima use6shena unina ukuthimama kuthiwa ngizothwalwa ngiyoganiswa. Usethi usize mama ungasho ukuthi uke wangi6ona. Usethi unina "6aleka mn6anami," ethe esuka 6a6engena a6afowa6o. Kunina se6emu6uza
- 6 ukuthi uphi uNtombana? Unina usekhuza ~~z~~ umhlola. Uthi ingani untanami uze lapho walandwa yinina na, uku6a azogaya u6shwala angimazi mina? Ngingamu6uza kinina. Se6ehlula a6afowa6o kaNtombana. Untombana owakugcina kwa6o. Nonina owokugcina kuyise. uNtombana lona uthena angasuka lakunina useyocasha emigodini. Kwakunomugodi omukhulu kude nomuzi waku6o. Lomgodi sengathi kwakumbiwa amalahle kuwona. Pho-ke inkompo yayingasekholapho. Manjena usengena phakathi uNtombana usethula njena ~~ezininiz~~ eceleni. Lomgodi wawungaqondile phansi wawuhambe ngokwehlela njalo. njena waze washona. Kuthe na uku6a ezwe ukuthi manjena se6edele a6afowa6o useya kunina futhi. Usethi "Mama, nginike izingu6o zami"manjena use6uza

K13/21

3*
6*

ser. 325

uNina ukuthi useyaphi mntanami na?" Usethi "Angazi, mama."
Usekhala unina. Usephuma use6aleka njalo uNtombana useye
efika kwamulungu wakhe omudala lapho ake ase6enza khona
usemutshena ukuthi a6afowa6o 6afuna ukuyomganisa manjena
usehamba uphindela esikoleni. Umesisi usemunika ingu6o
yokulala uNtombana ~~ya~~ neyokugqoka nezikwa umphako. Usehamba
kuthena kusa wayesehlangana namanye futhi amantombazane
a6alokayo emakhaya ngayo 6elu inda6a yokholo. Usethi uku6a
ahlangane nawo se6ehamba kuthena emini 6athola inqola
eyalapho 6oya khona 6ase 6eyakhwela njalo. Kuthena uma
selimantambama sekuqamuka izintombi nezinsizwa zivela
8 odwendweni. Umfowa6o na6anye a6aku6o 6a6eyekulo laludwendwe.
Manjena use6ona ukuthi 6azomu6ona usecela lona oshayela ~~x~~
inqola ukuthi kuhle a6emboze ngoseyili ngo6a 6azo6a6ona
6esc 6elwa naye futhi ukuthi u6asaphi. Ne6ala use6emboza
ngoseyili sekuthi nayilolowo nayilowo eseqondana nembo
kaseyili enzele ~~mx~~ ukuphefumula. Kodwa noko 6ajuluka
6amanzi. Kwakuthi uma kungakaqhamuki muntu 6athole
ukuphefumula kahle. Kwathi uma seleyoshona se6e6ona ukuthi
akukho muntu o6alandelayo se6ephuma. Se6eye6efika
esikoleni se6emukelwa. Usehlala useze uyafa unina naye useze
egana kwaNtshangase. Uselotsholwa umfowa6o uzimulungi
selakahle. Usethuthisa uNtshangase se6eze 6akhe lapha
emaHumusheni.

End. S. 326